

Ukwamukelwa kwabafundi abafundela iziqu eziphezulu

Izidingo zokwamukelwa kuMastasi yoBuciko (MA) Njengoba kubekiwe yiFakhalithi Yezifundo Zobuntu abafundi bazodinga-

1. Ukusebenzisa amakhono ahlukehukene akhethekile ukubona, ukuhlaziya nokubhekana nezinkinga ezixakile nezindaba eziveza ngokulandelana nangobuciko amathiyori, izindlela zocwaningo, izindlela/amasu, imibhalo nezisetshenziswa zomkhakha wabo okhethekile.
2. Ukusebenza ngokuzimela babe nesibopho ngemisebenzi yabo bakwazi ukuphendula ngomsebenzi wabanye uma besebenza njengeqembu.
3. Ukulawula inqubekelaphambili yemisebenzi yokufunda neyobuchwepheshe.
4. Ukukhombisa ukutholwa kolwazi okuseqophelweni nokusebenzisa amakhono okubona, ukuhlaziya, okuhlanganisa nokuhlola ngokuzimela ubungako nenani lemininingwane kusetshenziswa ulwazi olufanele lwezokuxhumana ngobuchwepheshe (ICT).
5. Ukukhombisa ulwazi olukhethekile ngokuphelele, ngokulandelana noluhlanganisiwe, lomkhakha/izifundo ngokuqonda okuhlanganisiwe nokuhlolisayo amathiyori, izindlela zocwaningo, amathiyori olwazi nemikhuba/amasu ahambelana nezifundo/umkhakha wabo okhethekile.
6. Ukuhlola umsebenzi nemizamo yabanye wemfundo ngezindlela ezahlukeneyo ezahlukeneyo.
7. Ukwethula nokusabalalisa imiphumela yocwaningo ngokukhulumisana nezifundiswa/nezingcweti nokukhiqiza ithisisi noma umbiko wocwaningo esezingeni lwezemfundo/ ubuchwepheshe bokubhala nokwethula umbhalo.
8. Ukuhlola nokuhlolisisa ucwaningo olwenziwayo ezimpikiswaneni zezifundiswa, ukubhekisa kukokubili ithiyori nokwenza imisebenzi, ezifundweni zobuntu nakumasayensi ezenhlalakahle.
9. Ukwenza izindlela eziseqophelweni zocwaningo, izindlela/amasu nobuchwepheshe obusebenzisekayo ezifundweni zobuntu nakumasayensi ezenhlalakahle.
10. Ukuhlela, ukusebenzisa nokubhala ucwaningo, ukuphenya noma ukuthuthuka ezifundweni zobuntu nakumasayensi ezenhlalakahle ngaphansi kokuqashwa okuthize.

Izidingo zezifundo zobudokotela bezemibhalo neFilosofi (DLitt et Phil)

Njengoba kubekiwe yiFakhalithi Yezifundo Zobuntu abafundi bazodinga -

1. Ukusebenzisa ulwazi, amathiyori nezinhlobo nezindlela zocwaningo/ubuchwepheshe bokuxazulula izinkinga ezixakile zethiyori yolwazi.
2. Ukuveza umsebenzi omuhle okhombisa ukuzimela ojulile nongashicilelwa othathwa njengomusha nonokuziqambela ngontanga nozokwenza umnikelo obalulekile emkhakheni okhethekile.
3. Ukusebenza ngokuzimela nokuba nesibopho esiphelele ngomsebenzi wabo nemiphumela yakhona nokucabanga ngokuziphendulela okuzwakalayo ngemisebenzi yabanye.

4. Ukukhombisa ubuhlakani obuzimele, ukukhombisa ubuholi nokuphatha ekwenzeni ucwaningo, ucwaningo oluthe xaxa nokuthuthukisa nocwaningo ezifundweni zobuntu nakumasayensi ezenhlalakahle.
5. Ukukhombisa ukuthola ulwazi oluthe xaxa nokusebenzisa amakhono kusetshenziswa ulwazi olufanele lweZokuxhumana ngobuChwepheshe (ICT).
6. Ukukhombisa ukuqonda okuphelele okuhlelekile nokuhlanganisiwe kolwazi olufanele nolukhethekile nobungcweti phambili emikhakheni yezifundo zobuntu namasayensi ezenhlalakahle nemisebenzi yobuchwepheshe ekhethekile.
7. Ukukhombisa ukuqonda okuhlolisayo kwezindlela eziseqophelweni zocwaningo, izindlela/amasu emkhakheni ekhethekile nokubamba iqhaza ezinkulumweni mpikisano zezifundiswa eziphambili nakhona.
8. Ukuhlola umsebenzi wabo newabanye ngokuzimela.

Imibandela yeSigaba

Ekubhekeni izicelo zokwamukelwa kwabafundi be-MA ne-DLitt et Phil esifundweni Sokusebenzisa Izilimi, ikomiti labeziqo eziphezulu leSigaba lizobheka phakathi kokunye ikhono lofake isicelo lokufinyelela izidingo ezibekwe ngenhla. Abafundi kufanele bathobele imibandela elandelayo njengoba ibekiwe yiSigaba sezilimi:

1. Abafundi bohlelo lwemastasi kufanele babe bephothule iziqu ze-onasi esifundweni sezilimi noma esifundweni sokusebenzisa izilimi noma emkhakheni ofanayo njengezifundo zezilimi, bathole imiklomelo esezingeni elikumaphesenti angama-65.
2. Uma umfundi eneziqu zeminyaka emine ngaphandle kwezifundo ezibaliwe ngenhla njengesifundo esikhulu (ukufikela ezingeni lonyaka wesithathu) noma ezingeni le-onasi kodwa okufaka izifundo ezifanayo (isib. Izifundo zokuxhumana noma Izifundo zezilimi zesayensi yabantu) njengesifundo esikhulu nemiklomelo engamaphesenti angama-65 noma ngaphezulu esifundweni esikhulu, isicelo sakhe sokwamukelwa ezinhlelweni ze-mastasi sizobhekwa yiSigaba Sezilimi uma nje iKomiti leFakhalithi elibheka ukufunda kwangaphambili (RPL) liphakamisa kanjalo. Ngokuya ngokufana kwezifundo nesikhungo semfundo ephakeme esiqinisekisa iziqu, iSigaba Sezilimi sinelungelo lokucela ofake isicelo ukuthi iziqu zakhe zihlolwe yi-SAQA.
3. Bonke abafundi abaneziqo zakwamanye amazwe (ezifake izifundo eziqokiwe ezibalwe ngenhla babuye banelise ngokwezidingo zama-65% noma isidingo esilinganayo), kufanele baqale ngokuzuza ukuhlolwa kweziqu zabo yi-SAQA ngaphambi kokuba bafake isicelo sokucela isikhala sokufundela iziqu ze-MA esifundweni sokusebenzisa izilimi e-UJ.
4. Kwezinye izimo ezihlukile nezifanele lapho ocela isikhala sokufunda aneziqu ze-onasi engekho kulezi zifundo ezibaliwe ngenhla kodwa abe ethathe isifundo sezilimi njengesikhulu eziqwini zakhe zokuqala wathola imiklomelo okungenani engamaphesenti angama-70 esifundweni sezilimi onyakeni wesithathu, kungacatshangelwa ukwamukelwa kwakhe ku-MA esifundweni sokusebenzisa izilimi. Kulezo zimo ezinjalo iSigaba sibhekisa isicelo kuKomiti yeFakhalithi i-RPL ukuze selulekwe ukuthi sihambise kanjani.
5. Abafundi abafundela iziqu zobudokotela kufanele babe neziqo zemastasi noma kuwuphi umkhakha obalwe ngenhla, ngemiklomelo okungenani engamaphesenti angama 65. Esimweni se-MA ehleliwe noma efundisiwe, ucwaningo kufanele lube nemiklomelo yokugcina okungenani

ibe amaphesenti angama-50 kanti imiklomelo yocwaningo yona ibe okungenani amaphesenti angama-65.

6. Isigaba singacela noma yimuphi umfundi osohlelweni lweziqu zemastasi noma zobudokotela anikeze amakhophi omsebenzi owedlule obhaliwe lowo obukade uhlolelwe iziqu. Endabeni yabafundi abazofundela iziqu zemastasi kungafuneka ama-esityi e-onasi ukuze acatshangelwe; abafundela ubudokotela bona bangavele balethe ucwaningo lwabo lwemastasi. Isigaba sezifundo zezilimi sidinga ukwaneliseka yizinga lemfundo yemisebenzi yomfundi nokwazi kwakhe kahle ulimi lwesiNgesi noma isiBhunu.
7. Bonke abafundi abazokwamukelwa ezinhlelweni zemastasi nezobudokotela esifundweni sokusebenzisa izilimi kufanele benze uhlokhono nekomiti labeziqu eziphezulu.
8. Isigaba sizovumela ocela ukufunda ukubhaliseka izinhlelo zemastasi nezobudokotela esifundweni sokusebenza ngezilimi uma kukhona ozomphatha ofanele ekhona; okusho ukuthi ilungu labafundisi onolwazi olunzulu kulowo mkhakha wocwaningo umfundi azowufundela

Inqubo yokufaka isicelo

1. Isinyathelo sokuqala kule nqubo ukufaka umlandompilo ophelele namarekhodi ezemfundo zofaka isicelo zinikezwe iNkhosi yeSigaba noma unobhala eSigabeni Sezilimi. Izicelo zingafakwa ngendlela ye-elektroniki yase-UJ noma ngokubhala. Lapho isicelo sokufunda singenalo irekhodi lemfundo (lapho kufanele ukuhlolwa yi-SAQA), uzothintwa yiSigaba umfundi ukuthi aithe amaphepha eziqo ngaphambi kokuba isicelo sakhe sibhekwe.
2. Isinyathelo sesibili sibandakanya ukubhekwa okokuqala kwabafake izicelo kusekwe phezu kwemiphumela yabo yemfundo. Labo abafinyelele kuzidingo ezibekwe ngenhla bangaqhubekela esinyathelweni esilandelayo.
3. Uma umfundi evunyiwe uzomenyelwa uhlokhono namalungu eKomiti labeziqu eziphezulu leSigaba sezilimi emasontweni amabili alandelayo. Abafundi bangacelwa ukuletha amakhophi emiphumela yombhalo wabo wangaphambilini kuhlokhono, bese bebhala (ikhasi eli-1-2) ocwaningo abafuna ukulwenza ngaphansi kwezihloko ezinkulu ezizoveza ukuthi bafuna ukucwaningani, kungani, nokuthi iphoqeleke kanjani. Uma ngabe ikomiti labeziqu eziphezulu lenelisekile ukuthi ofake isicelo uyazifinyelela zonke izidingo zokwamukelwa ukwenza izifundo ze-MA, ikomiti lizothola ozomphatha lo mfundi (noma umphathi noma umsizi womphathi Ngaphandle kobuhlakani bomphathi ikomiti labeziqu eziphezulu lizoholwa yilokho okufiswa ofake isicelo ngomphathi wakhe. Ikomiti lizobheka nokwaba kahle umsebenzi wokuphatha ukuze kunqandwe into yokuthi abasebenza ndawonye bazithole sebenomthwalo omkhulu wokuphatha izifundo ze-MA. Umfundi angamukelwa kuphela uma kuzoba khona ofanele ukumphatha. Ngaphambi kokuba umphathi amukele umsebenzi, unelungelo lokuhlola ikhono lomfundi azomphatha ngasese (noma ngabe uyilungu lekomiti noma engesilona).
4. Isinyathelo sesine okufanele sithathwe ikomiti labeziqu eziphezulu, ukwazisa umfundi ophumelele ukuthi iSigaba simthathe ngemibandela. Lesi sigaba kufanele sifinyelelwe kungakapheli amasonto amathathu umfundi efake isicelo okokuqala (ngaphandle kwamaholide enyuvesi noZibandlela wonke). Abafundi kufanele baziswe ukuthi ukwamukelwa kwabo okokugcina, kuncike ekuyiseni kwabo isiphakamiso esifanele socwaningo (besebenzisa uhlelo olumisiwe lweFakhalithi) olwaluvunyiwe kwakudala umphathi wabo lwaze lwavunywa yikomiti labeziqu eziphezulu leSigaba.
5. Emhlanganweni wamuva, omelwe isigaba sesihlanu sale nqubo yokwamukelwa, umphathi (uqobo) ulindelwe ukwethula isiphakamiso socwaningo somfundi Abafundi abafundela iziqu

zemastasi neziqu zobudokotela banikezwa isikhathi esingaka ngezinyanga ezine ukuqedela lesi sigaba sokugcina ngaphandle kokuba ikomiti lesigaba licabange ngokunye. Abafundi abehlulekayo ukumukisa (ngokuvuma komphathi wabo) isiphakamiso socwaningo lwabo ngesikhathi esibekiwe bazonqatshelwa ukungena ekugcineni.

6. Umfundi angaqhubeka kuphela ngokubhalisa okusemthethweni nenyuvesi emva kokuba ikomiti labeziqu eziphezulu leSigaba selivume isiphakamiso esisemthethweni sakhe socwaningo. Kodwa-ke, ikomiti labeziqu eziphezulu linelungelo lokugodla amalungelo okuvumela umfundi ofundela imastasi nobudokotela ukuthi abhalise ngaphambi kokuyisa isiphakamiso esiphelele somsebenzi asewenzile ngaphambilini ikakhulu uma lowo mfundi enomfundaze ofanele ukuvuselelwa ngokubhalisa kabusha noma ngenxa yokusebenza kwakhe kwenzeke ukuthi anikezwe lo mfundaze kudingeke ukuba ahlangebazane nezinsuku zomnqamla juqu zenyuvesi.
7. Ikomiti labeziqu eziphezulu lesigaba lizolinda ukubhekana nezinkinga uma zingaba khona mayelana nabafundi bemastasi nabafundela iziqu zobudokotela abathunyelwe abaphathi babo, yiNhloko yesigaba noma umhlangano othathe isinqumo ndawonye.

Imihlangano Yabeziqu Eziphezulu Zefakhalithi - 2015

Izinsuku zomnqamula juqu zesikhashana zokufaka izicelo	Izinsuku zemihlangano yekomiti labeziqu
12 kuNhlolanja	2 kuNhlolanja
14 kuNhlaba	4 kuNhlaba
23 kuNtulikazi	13 kuNtulikazi
15 kuMfumfu	5 kuMfumfu